Ukubhubha kwenduna yama polisa.

Izindaba zokatshona kuka Capt. Fraser obe induna yamapolisa, zizwakele qede kusasa ngolwesibili, zanyinyipalisa abantu. Nokuba kwazeka kambe ukuti kambe kuzakutolakala omunye esikundhleni sake, loko kangize kwapela isililo sake. Ubehlezi esitunzi sako bonke abantu ngoba ubesatshwa izo zonke izigewelegewele; amasela esaba ukusiqwaga okungokwetu ngokwazi ukuti kawabuki. Ubengemnandi kuzo zonke izonakali ezikona ngoba zazi okokuti kahlangene nazo. Upondakala ngaloko ukuti ubengumuntu okweze izwe. Ubuhlungu bokutshona kwake bukulu, ngoba ufe engadhlanga makambi. Wabe ehlezi engumuntu ongakutele emzimbeni, nangako loko ubesaqeda kuccla ukuba ake apiwe isikati sokuba ake ahambele petsheya kumbe angaboya atole umzimba okuteleyo. Ukufa kwamhlaba ngolobuhlanu, wagqabuka ebusuku bangomso ubuluko. Ushiya abantwana abane nonina abafana abatatu nentombazana—izintandane zokukala isililo sake. Walahlwa ngolwesitatu kusasa ngengqola yokulahla amasosha, walahlwa e Kani iwona amasosha. Siyabadabukela abasalele ukuba zintandane.

Indaba Ebuhlungu.

Indaba ebuhlungu yehla ngomsombuluko kona lapa ngapandhle kwoMgungundhlovu. U Mr. C. D. Ross owabe esebenza kwa Messrs. W. H. Griffin & Co. kwati ngenhliziyo ebuhlungu ngoba ebesetshelwe ukuti kasafuneki ensebenzini, wazidubala. Bekungumuntu ongakabi nasikati eside ekulona wakiti umhlabati, ngoba iminyaka ibe isemine kupela. Kayalelanga ngaso leso sikati azidubule ngaso; ngaloko kwaze kwalandwa odotela ababili bokumbheka, nabo batika badela. Bala kwati ngo 9 o'clock kusihlwa wayalela.

Unonkalankala namazinyane ake

Unonkalankala wasola amazinyane ake wati, kwenza ngani niboti uma nihamba ninga qondi pambili kepa nirudule ngezinhlangoti nibheke eceleni? Amazinyane apendula ati "Tina siti sihambisa kwako asazi ukuti sibheka eceleni uma sihamba." Gwedhlani lapa lezizilinyana niti nihamba kwami po? amazinyane, "Sityeniseke pela ukuba uti asitini ukugonda pambili." Unina wati, Bhekani lapa kimi, niboti, watsho ewabonisa ukuhamba, horo-horo, horo, nanguya ebheka eceleni naye ukuhamba: amazinyane aqumuka insini ukuhleka, "mamo! mamo! Ha, ha, ha, nawe mame urudulela eceleni ampondile pambili." unina wati kuwo, nisasile isibili, ngifunga abasemfuleni, angifani nani mina. Amazinyane ati "Umdala kangaka nje kanti akuzazi ukuhamba kwako ukuti urudulela eceleni, wala ukuba sikufuze uti asifuze bake na?

Lalelake sikubonge ngoku sizala kwako.—

Nonkalankala womfula,
Wena uzala usola,
Wena uzala udumaza
Uti awunga fuziswa.

Uti aufane naba
Lapa kwesika mfulana?
Awazala abantwana
Bafana nembokwanena?

MLAMLAKUNZI

Ugqainyanga.

Uma ngizwa ingozi yezibhamu isingaka nje ubuningi, ngiti okuhle ukuba zisale sezigxotshwa zipendulwe amakuba silime umhlabati lona. Upelilemnsebenzi wazo akuseko zimpi eziyakubuya zilwiwe.

Izibongwana zami engangibonga ngazo "Umsizi Wabantu" osume e Edendale zasala pansi ngesonto elidhlulileyo, ngati lapa sengiti ngiyizwisisa ngaleyo ndaba bati kwancipa isinali. Ngiyabonga Umsizi lowo. Sengikohlwa, kone *Umsizi* wokupeleka abantu.

Uma ngibuka nje mina, nxa bengagini nabuse Colony, siyaboqa. Bona banekasi linye labo elipete izindaba zabo. Ake ngibone tina. Sine *Nkosi*, no *Mhlobo waBantu*, manje sino *Msizi wabantu*. Kungako ngiyabona ukuti nxa umuntu engaqapeli sivakude lapa kiti. Ngihlangene nomtana ehamba ehlabelela etisi—

Hamba-ke uye e Natal, uyakukanyiswa kona uyakuzuza umhlobo, uyakusizwa kakulu.

Ngezwa sekuti cosodo enhliziyweni kuibula ngizwa ibanga esesikulo.

Ngesonto elidhlule nginyatele invoka emsilemi ngingapondi, kodwa angizisoli ngoba ayinashlungu tuti iyona evabe ishiye umgodi wayo yavakuxxima kwezinye intunda. Invoka engiyinyatele umsila nansi iyezwa incwadi engenzansi.

Gqavinyanga! sivamangala ukuti vini ukungera endabeni ongenamsebenzi nayo? Uzwe kutiwa u Mr. Cele unqunywe umlomo yinkuku vini? Usukungena indaba ongenandaba nayo ubunipendukezela inkulumo yetu uti site u Mr. Cele vini?

Imbali sasingaze siti uvinti ngoba wayenzeni emhlangaka? U Mr. Cele akakulumi luto ngoba ezonda into ukuti ibingeko ezandhleni zake, i "Ethiopian" nayo ezipendulela ngokwayo, e gobudola tuti.

Sayakulumi lendabu singayabene ne "Ethiopian" kodwa wena ususuka nopela. Utabile ke sivumelene ukudhlala. Sizhlobo ezdala bosse Mbubu (Zwaartkop). Lowo nuz wase *Nkomkhulu* owase *Mbola*. Poke wena uvelapi?

Nongqamunggqobe mpisi siwelanzi. Uvaspendulela ukukuluma kwatu singemtyato wankomo? Au! *ungamazabuwo.* Wokutule *ngazibuzu ibabo ingelabo.* Wenzile we ukude utanda ukuzungela umilo wodushu. Wenzwa vini wena ukude utanda abantu kube vilok i bunsuelana ngezikuni zembili.

Uzanda mono; mono, pu. Ngawutalile lesonto dungese yakulumza ngaleso.

Ipesheya lesi Natingi enzeni kuwe kangaka? Wena kafuse Manzimtoti nje umudu, belenaki abantana ukwenza into ngapandhle kwako? Mosikapendulela u Mr. Cele unowake umomo. Uzitola akakulumi luto, hlala ke nawe utule.

Sizazani. Tina nebandhla lase Amaxhosa "Evance Memorial" iswenz esingakwaziyo.

Umuntu [illegible] ukuti umo [illegible] ukuhlala [illegible] "Ethiopian" kowa wetuga.

Yiza—

EAGLE CLUB, EDENDALE

[illegible]

Ngiti umu ngiti bala lencwadi kanye neyamandulo zabonwa ngaotitsha babo, bakubonga loku okukulunywa abantwana kanjena [u Mr. Cele intanga yaoyise balaba bantwana] ngingaba ngidhlala ngabo; ngoba sengibafumene ukuti abantwana banolimi impela kuqala bati wabamema: wati uba apike kimi ngabiza incwadi leyo abamema ngayo, nansi ngingaviboni, sengibona lena esizokwenza pezu kwami; kungako ke ngiti bayabaqambela nababababutundisayo. Kepa laba bantwana bazanke badume ngenhlamba, loku bati nalapa betanda ukutuma umuntu bamuke bove kumyoca epepeni. Angisatandi ukuba ngibe ngisambulula inhlamba asebevigqibile izo zabantuke ngayo uMr. Cele; ngoba s oeshwelezile ngencwadi kuye ngikuwile loko envangeni. Kodwa lena engenhla ivazikulumela ivatsho ukuti bantula umkuzi. Laba bantwana babanga amazinyo abutshelezi ngenhlamba lena. Namhla amabizo ami engiwatiwa ngapesheya kwe Sinatingi 1. Nomqamngqoshe, 2 Mpuku yaselawini, 3 Umxabanisi, 4 Ngayamabutweni, 5 Itanda msindo.

Niengaloku bengite Ibizelo ladhl'ikondekazi, ngiya ponda tuti. Lenduku abayikokayo ukuba batshaye u Mr. Cele nami ngayo iyal' dhla bona. Unongqamngqoshe lona ngiti batsho ungqongqotshe — akuko gama engizenze ngako ungqongqotshe inhlamba nje. Nomqakulase impukwana yase lawini—inhlamba nje. Umxabanisi: Lelizwi angilinanzi ngoba lipuma ezinganeni, uma belikulunywa umuntu emdala benginya kulibuza emtetweni ukuti livunyelwe nini tuti ukuba umuntu abize ngalo omunye. Umxabanisi, lyoki, umuntu onamanga, ifisa-mbi, ipixipixi, jbojane. Ngiti-ke umteto uisungavikutuna ukuba bayeze ubutakazi laba bantwana abafunda ngapesheya kwe Sinatingi! Ngingungaxa mabutweni ngoba babekuluma no Mr. Cele untanga yabo, yebe!

Bati ngiywavele ukutungela umlilo woslushu [udweshu] abanako tuti ukuveza ubutakazi baloko, ukuti bala umkuba wami ukuvusa umsindo. Ukuti umuntu ujavele ukuti: uhlonzile, uvamile, unakile, umkuba wake, uyakutanda ukwenza loko okukulunywa ngake.

Ngibatetelela ngoba kuzingane, umuntu omdala bengizakukuluma naye. Kodwa loku zingavaleki ngiti lapa ngizinalusavo zitunqe nami ngenhlamba uma ovise bengazikuzi, ngiyakuzidonsela lapa bengatandi kona.

U Mr. Mtyali walandula imfundo ngapesheya kwe Sinatingi ngenxa yaloko akubonayo. Kosiwa tina siyibona isibahlanyisa abantwana. Bafundisa otitsha bezinye izinda wo. Nango u Mr. C. engowase Mbubu, naku namhla ngingowase Manzimtoti, kepa bayasifundisa ukuhanjwa kwezwe. Anginamnkamnkamu neze naloko kwazi okugatshiswe ngako

Ngisaluleka tuti ngiti kuhle kakulu umuntu ofundiswayo esaba ukubonakalisa ukuti unokwazi, ngoba uvayama ukupuhluka, ageje ezwini ebelimtancle ukulikuluma. Abafana eskoleni sangapesheya kwe Sinatingi bazakuhlefuleka. Bangenwe ulimi lokuba bati bona babe beti batunywa ngotitsha babo. Ngiqinisile, otitsha abavazi lenhlamba esemibuyeni yabafana. Baveka ukungibonga ngokubululeka, kanti bayabonakalisa ngasese ukuti bayangibonga, ngoba bancla ukuseza loso engabululeka ngako epepeni, bapenduka ezonweni zabo, babhala incwadi yokushweleza ku Mr. Cele: ngingakakulumi luto abaku benanga ukuposisa kwabo.

IZINCWADI.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE, — Ngicela ukuba ungifakele amazwana epepeni lako elihle. Ngiyabona, abaleta amazwi abo epepeni lako, ukuba ngawo balungise incwadi ye Nkosi. Ngiyabona, bati 'Servaat,' ku isiqulu or isiqula, basikombisa ku Genesise ix. 25. Nembala i translation liyakulunga ngaloko na? Kwenye indawo ngifumanisa 'Minister,' ku kuti, inceku. Bengiti mina, 'the ministers of the Zulu King,' babe izinduna zenkosi. Nembala i translation liyakuba njalo na? Ngiyancoma kona loku, ngoba ngiyabona, pakati kwabantu abamnyama abafundileyo bakona aba izazi, abanamandhla ukuyoxa: ngiti mina, Bangane betu, xovani: niyaiwoxa lenda enkulu kancinyane. No Nemo olobile i "Grama" elihle kangaka uvekelani ukuyoxa lapa nokutela amandhla ake nokuhlakanipa kulendawo.

Ngingumngane wenu ngingu

TAMBUZA MUTABATI.

Mahlabatini, May 1, 1893.

Nge "Baible" (Bible)

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Wena Mhleli uzikuzihlupa ngokusola abantu, uti, vini ukuba bungasizi bapandule amazwi abacelwa ukuba bawa pendule na. Ngiti mina abantu bayo saba manje ukuba umsebenzi oningu lo, ngoba abafundisi banezinkazi abavumi ukutvelwa, bazitshava abaziyo ngapezu kwabanini ukulumo, bakolwa uma izwi likulunywa ngomunye, omhlope, noma nina bantu na? niti alilungile "izwi, bapike buti, "u Mr. So and So uti lilungile" poke, sitini ke loku tina asibona o Mr. So and So. Uti noma seumnyenyezela lowako umfundisi uti uyamvusa ukuba angedukiswa amagagu azitshowo ngolimi lwabantu, ubone esekuhleka ekwenza isipukupuku sokugcina, kumbe engasa buzi luto kuwe: poke, ngabani lowo onesibindi sokuqinisela ukuba adelelwe umfundisi wako? Sive saba ukutukutelelwa ngaba umdisi lutu, kuningi ngesibasiza ngako lapa olimini, kepa sesitulile sesaba ukuinyelwa besingapome kona. Futi kupela amandhla loko, Mhleli, ukuti abafundisi abambhope bazi ngempande zemikuba yabantu ngapezu kwabo abantu, uti noma umtyela ukuti loako udonsela kusko wokuti, loko ke kuzo zala loku ukuti: bapike bome, bati, "akuntalo akwazi luto wena, yitina esizayo musa ukusityela." A, ubeuvalahla uvazitu'ela, soapike ngokuti uzoqhosela. Ake ngibone kanjena, Mhleli. Ukona umuntu omnyama owa ti eska emdala nokat. kwaba mhlope abazi ulimi lwabo azelingeni kanye nemikuba yabona? Uma kungapila loko, kuw do ke nakwaba mhlope bangelugete ulimi lwabantu abamnyama, nemikuba yabo yokuvela loko kwaziwa ngazowe abamnyama, kupela. Tina sisamangala ukubungazi, siambe imilomo: situle. Hau! hau! yebolo.

MLAMLANKUNZI.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE, — Ake ungifakele kli izwana lami epepeni lowe loko, ngiyakuvela, nkosi, angimuntu oku[illegible]

Namk[illegible] ngoba ukuba ulibobe [illegible] Zulu nangesi Nkosi, ngezwe [illegible] Ukuba [illegible] pela amaSwazi kwaba [illegible] kuhanyiwa umhlabi [illegible] vini, enzeni na? Loku kuhle [illegible] Ilizwi lowe labo na, bengi [illegible] Loku amaswazi [illegible] Ku Kosi [illegible] u Sotsha [illegible] Ba'ukona u Mhl[illegible] Ayangiwa ngokubulela [illegible] u Bunu, kulukuwa u [illegible] Ayo, kwakuka kabo [illegible] kakuza kwa kuka crap pen [illegible] kuzo kuka crap pen [illegible] kwi [illegible] kwi [illegible] kwi